

## Celebrate picture books!

**November is International Picture Book Month – a time to celebrate those special books that capture our imagination with their carefully chosen words and beautiful illustrations. Picture books introduce our children to the world of literature. They also play a critical part in their development.**

Picture books are meant to be read aloud so this makes them the perfect reading resource for sharing stories with children. As we read aloud, we are also able to have conversations with our children about what we are reading, and we can invite them to comment on the story and ask questions about it. These conversations deepen children's understanding of the story. They also help children to learn about the way in which stories and books work.

Picture books offer children a language feast! Through the rhythm and rhyme in many of these books, children experience the sounds of our languages. The repetition in them (for example, "I'll huff and I'll puff and I'll blow your house down!"), allows children to join in by saying some of the words of the story, even before they are able to read. And, because picture books use fewer words than novels, the words that are chosen and how they are used, is very important. So, the rich use of language in these books develops and extends children's own use of spoken and written language.

And then there are the illustrations! Through the partnership between the words on the page and the pictures, children make meaning from what is being read to them and learn to enjoy stories. But they also learn to "read" pictures. They develop the skill of interpreting visual images, and you only have to think about the number of advertisements you see every day to understand what an important life skill that is!

**Izincwadi zezithombe zingumongo nesisekelo salokho esiyikho. Ukuzifunda nengane igonwe emathangeni ethu ngenye yezindlela eziphambili zokwabelana ngamagugu ethu. Incwadi yezithombe ngayinye inika ithuba.**  
NguMarc Brown, umbhali wezincwadi zezingane nomdwebi-zithombe

**Picture books are the soul and foundation of who we become. Reading them with a child on our lap is one of the best ways to share our values. Every picture book is an opportunity.**  
Marc Brown, children's book author and illustrator

## Ukugubha izincwadi zezithombe!

**ULwezi yiNyanga Yezincwadi Zezithombe Yamazwe Ngamazwe – isikhathi sokugubhela lezo zincwadi ezikhethekile ezisihlaba umxhwele ngamagama azo akhethwe ngokucophelela kanye nemidwebo emihle. Izincwadi zezithombe zingenisa izingane zethu ezweni lezincwadi. Zineqhaza elibalulekile ekuthuthukeni kwezingane.**

Izincwadi zezithombe kumele zifundwe kakhulu kuzwakale ngakho lokhu kuzenza zibe umthombo wokufunda omuhle wokwabelana nezingane ngezindaba. Ngesikhathi sifunda kakhulu, siyakwazi futhi nokuxoxa nezingane zethu ngalokho esikufundayo, futhi siyakwazi ukuzimema ukuthi ziphawule ngendaba nokuthi zibuze imibuzo mayelana nayo. Lokhu kuxoxa kujalisa ukuqonda indaba kwezingane. Kubuye kusize izingane ukuthi zifunde ngendlela okusebenza ngayo indaba kanye nezincwadi.

Izincwadi zezithombe zihlinzeka izingane ngedili lolimi! Ngesigqi kanye nemvumelwano okutholakala kweziningi zalezi zincwadi, izingane ziyizwa kahle imisindo yezilimi zethu. Ukuphindwa kokuthile kuzo (isibonelo, "Ehla amathambo ebheke ezansi, enyuka amathambo ebheke phezulu!"), kuvumela izingane ukuthi zihlanganyele ngokusho amanye amagama asendabeni, zingakakwazi nokufunda. Kuthi-ke ngoba izincwadi zezithombe zisebenzisa amagama ambalwa kunamanoveli, amagama akhethiwe khona kanye nendlela asetshenziswa ngayo,

And finally there is that essential human quality of empathy. Picture books enable young children to join someone else's world just for a moment. They help children to begin learning how to step into someone else's shoes and to see life from a different perspective. Developing the ability to do this takes lots of practice, and picture books provide a safe place to start the process.

So, picture books may be entertaining and magical, but actually they're essential!

**Need help with choosing picture books for your children? Visit "Recommended reads" in our "Story supplies" section at [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).**



kubaluleke kakhulu. Ngakho-ke ukunotha kolimi olusetshenziswe kulezi zincwadi kuthuthukisa bese kunweba ukusebenzisa kwezingane ulimi olukhulunywayo nolubhaliwe.

Bese kuba khona imidwebo! Ngokubona ukusebenza ngokuhlanganyela kwamagama asekhaxasi kanye nezithombe, izingane zithola umqondo walokho ezikufundelwayo bese zifunda ukuthokozela izindaba. Kanti zifunda "nokufunda" izithombe. Lezi zincwadi zithuthukisa amakhono okuhumusha izithombe ezibonakalayo, kanti nawe kumele kewucabange nje ngezikhaxasi ozibona nsuku zonke ukuze uqonde ukuthi leli yikhono lempilo elibaluleke kangakanani!

Ekugcineni kukhona lelo khono lempilo elibaluleke kakhulu lokuzwa okuzwiwa ngomunye. Izincwadi zezithombe zisiza izingane ezincane ukuthi kezibe semhlabeni womunye umuntu nje okwesikhaxasi. Zisiza izingane ukuthi ziqale ukufunda ukuthi zingena kanjani ezicathulweni zomunye umuntu kanye nokubona impilo ngendlela eyehlukile. Ukuthuthukisa ukwazi ukwenza lokhu kuthatha isikhathi esiningi sokuzilungiselela, kanti izincwadi zezithombe zihlinzeka ngendawo ephiphile yokuqala lo mshikashika.

Ngakho-ke, izincwadi zezithombe zingathokozisa futhi zibe nomlingo othile, kodwa empeleni zibalulekile!

**Ngabe udinga usizo lokukhetha izincwadi zezithombe zezingane zakho? Vakashela isigaba esithi "Recommended reads" engxenyeni yethu ethi "Story supplies" ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).**



**Drive your imagination**

Join us in taking the power of stories to the next level. Let's go!

Hlanganyela nathi ukuthatha amandla ezindaba siwabeke ezingeni elilandelayo. Masihambeni!



# The Na'ibali bookshelf




# Ishalofu lezincwadi lakwaNa'ibali

In celebration of International Picture Book Month, here are a few of the latest children's picture books – as well as a comic book for older children – available in more than one South African language, published by South African publishers.

Ukugubha iNyanga Yezincwadi Zezithombe Yamazwe Ngamazwe, lapha kunezimbalwa nje kwezakamuva zezincwadi zezithombe zezingane – kanjalo nencwadi yamahlanya yezingane esezikhulakhulile – ziyatholakala ngezilimi ezingaphezu kolulodwa zaseNingizimu Afrika, ngokushicilelwa ngabashicileli baseNingizimu Afrika.

## The elders at the door

**Author:** Maryanne Bester  
**Illustrator:** Shayle Bester  
**Publisher:** Jacana Media



Three elders come knocking at the door. They're tired, dirty and in need of a meal. But the family may only invite one of the visitors into their home. Who will it be? All families face obstacles and must make choices! This fable is told from West Africa to South Africa and is a tale that belongs to all of Africa and its people. *The elders at the door* is also available in Afrikaans, isiXhosa and isiZulu.

## Abadala basemnyango


**Umbhali:** Maryanne Bester  
**Umdwebi wemifanekiso:** Shayle Bester  
**Umshicileli:** Jacana Media




Abantu abathathu abadala bafika bangqongqoze emnyango. Bakhathele, bangcolile, futhi sebefile iphango. Kodwa umndeni lo ungakwazi ukungenisa isivakashi esisodwa ekhaya lawo. Pho kuzoba ubani? Yonke imindeni ibhekana nezingqinamba kodwa kufanele ithathe izinqumo! Le nganekwane ixoxwa eNtshonalanga Afrika kuya eNingizimu Afrika, kanti iyindaba ye-Afrika yonke nabantu bayo. Indaba ethi, *Abadala basemnyango* iyatholakala futhi nangesiNgisi, isiBhunu nesiXhosa.

## Nyambura waits for the bus

**Author:** Cath Alexander  
**Illustrator:** Catherine Groenewald  
**Publisher:** Jacana Media



Nyambura is going to visit her grandmother. She arrives at the bustling market place to find that she is last in the queue and that the bus has not yet arrived. While she waits for the bus, Nyambura remembers the fun things that she and her grandmother have done together. Meanwhile, the queue of people is getting shorter and shorter because of disaster that strikes each of the waiting passengers. *Nyambura waits for the bus* highlights the importance of doing good deeds for others and the special relationship that exists between a grandmother and her grandchild. It is also available in Afrikaans, isiXhosa and isiZulu.



## UNyambura ulindela ibhasi


**Umbhali:** Cath Alexander  
**Umdwebi wemifanekiso:** Catherine Groenewald  
**Umshicileli:** Jacana Media



UNyambura uya kovakashela ugogo wakhe. Ufika emakethe ephithizelayo uthola ukuthi ungowokugcina kulayini kanye nokuthi ibhasi alikakafiki. Ngenkathi esalindele ibhasi, uNyambura ukhumbula izinto ezihlekisayo yena nogogo wakhe ababezenza ndawonye. Ngaleso sikhathi, umugqa wabantu waya ngokuya uncipha, uncipha ngenxa yezinkinga ezazivelela abantu ababelindile kulayini. Indaba ethi, *UNyambura ulindela ibhasi* igqamisa ukubaluleka kokwenzela abanye abantu izenzo ezinhle kanye nobudlelwane bekhethelo obukhona phakathi kukagogo nomzukulule wakhe. Iyatholakala futhi nangesiNgisi, isiBhunu nesiXhosa.

## The baby brother curse

**Author:** Michelle Sacks  
**Illustrator:** Carla Kreuser  
**Publisher:** Bumble Books



When a young girl hears that her mother is pregnant with a baby boy, she thinks this is the worst news in the world! She imagines her brother to be terrible and smelly, and spends nine months dreading his arrival. But things change when he is born. This picture book is also available in Afrikaans.

## The baby brother curse


**Umbhali:** Michelle Sacks  
**Umdwebi wemifanekiso:** Carla Kreuser  
**Umshicileli:** Bumble Books



Lapho intombazane encane izwa ukuthi unina ukhulelwe uzothola ingane yomfana, icabanga ukuthi lezi yizindaba ezimbi kakhulu eyake yazizwa emhlabeni! Icabanga ukuthi umfowabo mubi futhi uyanuka, ibe seyichitha izinyanga eziyisishiyagalolunye ithuthumela ngokufika kwakhe. Kodwa izinto ziyaguquka uma esezelwa. Le ncwadi yezithombe itholakala ngesiNgisi nesiBhunu.

## Surprise! Surprise!

**Author and illustrator:** Niki Daly  
**Publisher:** Tafelberg



One day Mr Tati brings home a surprise – a sweet little piglet with a rosy face and a curly tail! Mr and Mrs Tati love their pig baby, but what will happen when the piglet goes to school? *Surprise! Surprise!* is a humorous story that shows that families are what you make them, and love is what matters most. It is also available in Afrikaans.

## Surprise! Surprise!

**Umbhali nomdwebi wemifanekiso:** Niki Daly  
**Umshicileli:** Tafelberg



Ngelinye ilanga uMnu Tati ufika ekhaya nesimangaliso – ingulube enhlana, encanyana enobuso obusambali yerosi, nomsila osongelene! UMnu noNkk Tati bayayithanda ingulube yabo encane, kodwa pho kuyokwenzekani uma ingulube encane seyiya esikoleni? I-*Surprise! Surprise!* yindaba ehlekisayo ekhombisa ukuthi imindeni iyilokho wena oyenza ibe yikho, futhi uthando yilo olubaluleke kakhulu kunokunye. Itholakala ngesiNgisi nangesiBhunu.

## Kwezi

**Author and illustrator:** Loyiso Mkize  
**Publisher:** David Philip Publishers



*Kwezi* is the story of a teen hero from Gold City who has to face his own insecurities. This compilation of three comics focuses on the theme of the responsibilities of family, friends and civilization. *Kwezi* is also available in isiXhosa and isiZulu.

## Kwezi

**Umbhali nomdwebi wemifanekiso:** Loyiso Mkize  
**Umshicileli:** David Philip Publishers



UKwezi yindaba yeqhawe eliseyibhobhodlana laseGold City okwakudingeka libhekane nezinto ezaziynselele kulona. Loluhungechunge lwezindaba ezihlekisayo ezintathu lugxile esihlokweni sezibopho zemindeni, abangani kanye nempucuko. UKwezi uyatholakala futhi ngesiNgisi nangesiXhosa.

## It's Buy-Nothing Day!

Do your children have a special place to keep the books they enjoy reading? This year on Buy-Nothing Day (25 November), let them use and reuse materials around them to make their own Story Power book boxes. They can keep their boxes next to their beds so that reading and books become a part of their everyday life – something they think of as they shut their eyes at night and again when they wake up in the morning! Encourage them to keep their Nal'ibali Supplement cut-out-and-keep books, as well as other books they enjoy in their special boxes.



### You will need:

- ★ a shoebox
- ★ old magazines and newspapers
- ★ glue
- ★ scissors
- ★ paper and crayons (optional)
- ★ a reading log sheet



## Usuku Lokungathengi Lutho!

Ngabe izingane zakho zinendawo ekhethekile ezigcina kuyo izincwadi ezithokozela ukuzifunda? Ngalo nyaka ngoSuku Lokungathengi Lutho (25 kuLwezi), zitshela zisebenzise zibuye zisebenzise ziphindelela izinsiza ezinazo eduze kwazo ukuze zizenzele awazo amabhokisi ezincwadi ze-Story Power. Zingalibeka eduze nemibhede yazo ukuze ukufunda kanye nezincwadi kube yingxenywe yempilo yazo yansuku zonke – into eziyicabangayo lapho zilala ebusuku nangesikhathi zivuka ekuseni! Zikhuthaze ukuthi zigcine emabhokisini azo ekhethelo zonke izincwadi zazo ezisikwayo zikhishwe bese ziyagcinwa, ezitholakala ezithasiselweni zakwaNal'ibali kanye nezinye izincwadi ezizithokozelayo.

### Izinto ozozidinga:

- ★ Ibhokisi lezicathulo
- ★ amaphephabhuku kanye namaphephandaba amadala
- ★ iglu
- ★ isikele
- ★ iphepha kanye namakhrayoni (akuphoqelekile)
- ★ okokubhala izincwadi ezifundiwe



## What to do

1. How do your children picture their lives as adults? For example, what kind of work do they want to do and where would they like to live? Let their imaginations soar as you talk about these things with them.
2. Give your children some old magazines and newspapers. Let them cut out pictures and words that represent their dreams and goals, as well as who they are now, for example, things they enjoy doing now, their favourite colours or their favourite Nal'ibali characters. (Visit the "Story supplies" section at [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) to download pictures of the Nal'ibali characters.) You can also suggest that they draw their own pictures if they want to.
3. Let them turn a shoebox into a personal Story Power book box by pasting their cut out words and pictures on the outside and inside of the box.
4. Next, give them a reading log sheet to paste onto the inside of the lid so that they can record the books they read. You can download a "Books I've read" log sheet from the "Story supplies" section of our website ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)). Or, you can make your own, by dividing a blank sheet of paper into three columns and labelling the columns like this: Name of book, When I read it, What I liked about it. The log will show the children how many books they have read and this is a great way to motivate them to keep on reading!
5. Ask your children to finish off their boxes by creating a name plate. Let them write their names in a decorative way on small pieces of paper, or cut out the letters that spell their names to stick on the outside of the box.

## Okuzokwenziwa

1. Ingabe izingane zakho zizibuka kanjani izimpilo zazo njengabantu abadala? Isibonelo, hlobo luni lomsebenzi ezifuna ukuwenza nokuthi zingathanda ukuhlala kuphi? Zitshela zivumele izingqondo zazo zisabalale ngenkathi ukhuluma ngalezi zinto nazo.
2. Nikeza izingane zakho amaphephabhuku namaphephandaba amadala. Zitshela zisike izithombe namagama amele amaphupho nemigomo yazo, kanjalo nokuthi zingobani manje, isibonelo, izinto ezithokozela ukuzenza manje, imibala yazo eyintandokazi noma abalingiswa bazo abayintandokazi kuNal'ibali. (Vakashela isigaba sika "Story supplies" lapha: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) ukuze uthulule izithombe zabalingiswa bakaNal'ibali.) Ungaphinde uphakamise ukuthi zizidwebe nezazo izithombe uma zifuna.
3. Zitshela ziphendule ibhokisi lezicathulo libe yibhokisi lezincwadi le-Story Power ngokunamathisela amagama asikiwe nezithombe ngaphandle nangaphakathi kwebhokisi.
4. Okulandelayo, zinikeze iphepha lokunamathisela ngaphakathi kwesivalo ukuze zibhale phansi izincwadi ezizifundile. Ungathulula uhla lokufundiwe oluthi "Books I've read" esigabeni esithi "Story supplies" kuwebhusayithi yethu ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)). Noma, ungazenzela okwakho, ngokuhlukanisa iphepha amakholomu amathathu bese uwalebula kanje: Igama lencwadi, Ngayifunda nini, Yini engayithanda ngayo. Uhla lolu luzokhombisa izingane ukuthi zingaki izincwadi ezizifundile kanti-ke lena yindlela enhle kakhulu yokuzikhuthaza ukuba ziqhubeke nokufunda!
5. Cela izingane zakho ziqedele amabhokisi azo ngokwenza ucwecwe lwegama. Zitshela zibhale amagama azo ngendlela ehlobisayo ezingcezini ezincane zephepha, noma zisike zikhiphe izinhlamvu zamagama azo ezizozinamathisela ngaphandle kwebhokisi.

## NAL'IBALI ON RADIO!

Tune into the following radio stations to enjoy listening to stories on Nal'ibali's radio show!

**Ikwewezi FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.45 a.m.

**Lesedi FM** on Monday, Tuesday and Thursday at 9.45 a.m.

**Ligwalagwala FM** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

**Munghana Lonene FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.35 a.m.

**Phalaphala FM** on Monday to Wednesday at 11.15 a.m.

**RSG** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

**SAfm** on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.

**Thobela FM** on Tuesday and Thursday at 2.50 p.m., on Saturday at 9.20 a.m. and on Sunday at 7.50 a.m.

**Ukhozi FM** on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.

**Umhlobo Wenene FM** on Monday to Wednesday at 9.30 a.m.

**X-K FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.00 a.m.



## USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela kulezi ziteshi zomsakazo ukuze uthokozele ukulalela izindaba ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali!

**Ku-Ikwewezi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.45 ekuseni

**KuLesedi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesibili nangoLwesine ngo-9.45 ekuseni

**KuLigwalagwala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

**KuMunghana Lonene FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.35 ekuseni

**KuPhalaphala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-11.15 ekuseni

**KuRSG** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

**KuSAfm** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 ntambama

**KuThobela FM** ngoLwesibili nangoLwesine ngo-2.50 ntambama, ngoMgqibelo ngo-9.20 ekuseni nangeSonto ngo-7.50 ekuseni

**Ku-Ukhozi FM** ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni

**Ku-Umhlobo Wenene FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.30 ekuseni

**KuX-K FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.00 ekuseni





## Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep picture books, *Swimmy* (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12) and *Listen!* (pages 9 and 10), as well as the Story Corner story, *Granny's roast chicken* (pages 13 and 15). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.

### Swimmy

In this story, a little black fish who is alone and frightened, meets new friends in the ocean, and finds a new school of red fish to swim with. Swimmy helps them to work together, and comes up with a way to protect them from being eaten by the big fish. *Swimmy* emphasises the meaning of community and how we can work together to solve problems.

★ After you have read the story together, discuss it with your children. For example, you could ask:

- ☉ How else could Swimmy have solved the problem of small fish being eaten by bigger fish?
- ☉ Why do you think Swimmy offered to be the eye of the fish?
- ☉ Could one of the big fish at the end of the story be the tuna fish from the beginning of the story?
- ☉ Can you remember a time when you worked together with others to solve a problem together? What did that feel like?

★ Many of the pictures in the book have been created by using stamps. Encourage your children to do this too. Let them create their own pictures by dipping different things into paint and then pressing them down on a sheet of paper. Here are some things you can use as stamps: fingers and thumbs; the cut-off tops of vegetables, like onions and carrots; small cardboard boxes; milk bottle tops or jar lids.

★ Let your children use playdough, clay and/or Plasticine to make the characters from the story and an underwater scene. Encourage them to use these to retell the story in their own way.

### Listen!

This little book explores different sounds that people and animals make. Younger children will enjoy this book, but you can use it with older children too. Suggest that they read it in their mother-tongue first and then in the other language of the supplement.

★ As you read the book with younger children, make the animal sounds together and find the yellow birds on each page. Talk about what the birds are doing.

★ With older children, read the animal sounds in both languages. Encourage them to compare the similarities and differences between the sounds.

★ Suggest that your children make their own "sound" books. They could focus on animal sounds or other sounds they enjoy.

### Granny's roast chicken

Granny arrives at Zahara's house with a roast chicken for Sunday lunch. But Zahara's mother gets a surprise when she takes it out of the bag, and then one misunderstanding leads to another, and to another!

★ Talk about the story with your children. Together discuss questions like these.

- ☉ What made Mama think that it wasn't Granny who had eaten the chicken drumstick?
- ☉ Why do you think Mama didn't see Daddy eating it?
- ☉ Has anything similar to this ever happened in your home?

★ At the beginning of the story, Zahara was drawing a picture. What do you think she was drawing a picture of? Draw her picture!

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amanye amacebo okusebenzisa izincwadi ezimbili zezithombe ozisika, uzikhiphe bese uzigcina, ethi, *UNhlambi* (amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 kanye nele-12) nethi *Lalela!* (ikhasi lesi-9 nele-10), kanjalo nendaba yeKhona Lendaba ethi, *Inkukhu kaGogo egazingiwe* (amakhasi 14 nele-15). Khettha amacebo ayifanele kahle iminyaka yobudala yezingane zakho nalokho ezikuthandayo.

### UNhlambi

Kule ndaba, inhlanzi emnyama encane eyodwana neyesabayo, ihlangana nabangani abasha olwandle, lapho ithola khona iqulu elisha lezinhlanzi ezibomvu ezotshuza nazo. UNhlambi uyabasiza basebenze ndawonye, futhi uqhamuka nendlela yokubavikela ekubeni badliwe yinhlanzi enkulu. UNhlambi ugqizelela incazelo yokuthi uyini umphakathi nokuthi singasebenza kanjani ndawonye ukusombulula izinkinga.

★ Emva kokuba senifundile indaba ndawonye, yidingideni nezingane zakho. Isibonelo, ungabuza ukuthi:

- ☉ Ingabe iyiphi enye ndlela uNhlambi abengasombulula ngayo inkinga yokudliwa kwezinhlanzi ezincane yizinhlanzi ezinkulu?
- ☉ Ucabanga ukuthi kungani uNhlambi azinikela ukuba yiso lezinhlanzi?
- ☉ Ingabe enye yezinhlanzi ezinkulu ekupheleni kwendaba bekungaba yinhlanzi eyishuna esekuqaleni kwendaba?
- ☉ Sikhona isikhathi osikhumbulayo lapho wasebenzisana khona nabanye abantu ukuzama ukusombulula inkinga nindawonye? Kwaba umuzwa onjani nje lowo?

★ Izithombe eziningi encwadini zenziwe ngokusebenzisa izitembu. Khuthaza izingane zakho ukuba nazo zenze lokhu. Zitshale ukuba zakhe ezazo izithombe ngokugcobhoza izinto ezahlukene kupende bese zizicindezela phansi ephepheni. Nazi ezinye izinto ongazisebenzisa njengezitembu: iminwe nezithupha; amakhanda emifino anqunyiwe, njengo-anyanisi namakherothi; amabhokisi amancane ekhalibhothi; izivalo zamabhodlela obisi noma zamabhodlela.

★ Vumela izingane zisebenzise inhlama yokudlala, ubumba kanye/noma iplastisini ukwenza abalingiswa basendabeni kanye nomfanekiso wokubukeka kwendawo yangaphansi kwamanzi. Khuthaza izingane ukuba zisebenzise lokhu ukuze zixoxe kabusha indaba ngendlela yazo.

### Lalela!

Le ncwadi encane ibhekisisa imisindo eyahlukene eyenziwa abantu nezilwane. Izingane ezisencane zizoyithokozela le ncwadi, kodwa ungayisebenzisa nasezinganeni ezindadlana futhi. Ncoma ukuba ziyifunde ngolimi lwazo lwebele kuqala bese-ke ziyifunda nangolunye ulimi kwesithasiselo.

★ Ngenkathi uyifunda nezingane ezincane incwadi, yenzani imisindo yezilwane kanyekanye nithole nenyoni ephuzi ekhasini ngalinye. Xoxani ngokwenziwa yizinyoni.

★ Ezinganeni ezindadlana, fundani imisindo yezilwane ngazo zombili izilimi. Khuthaza izingane ukuba ziqhathanise okufanayo nokwehlukile phakathi kwemisindo.

★ Ncoma ukuba izingane zakho zenze ezazo izincwadi "zemisindo". Zingagxila emisindweni yezilwane noma kweminye imisindo eziyithokozelayo.

### Inkukhu kaGogo egazingiwe

UGogo ufika endlini kaZahara nenkukhu egazingiwe yesidlo sangeSonto emini. Kodwa unina kaZahara uyethuka uma eyikhipha esikhwameni, lapho-ke ukudideka okukodwa kwaholela kokunye, kwaya le kwaya le!

★ Xoxa ngale ndaba nezingane zakho. Dingidani ndawonye imibuzo efana nale.

- ☉ Yini eyenza uMama acabange ukuthi kwakungeyena uGogo odle umlenze wenkukhu?
- ☉ Ucabanga ukuthi kungani uMama engambonanga uBaba ewudla?
- ☉ Ingabe into efana nale yake yenzeka kini?

★ Ekuqaleni kwendaba, uZahara wayedweba isithombe. Ucabanga ukuthi wayedweba isithombe sani? Dweba isithombe sakhe!


## Create TWO cut-out-and-keep books

### Listen!

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

### Swimmy

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



## Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozosisika uzikhiphe bese uzigcina

### Lalela!

1. Dabula ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukwenza incwadi.
4. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.

### UNhlambi

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nelesi-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.



Drive your imagination



umbokwane owawumomsla owawukude le, ungzaze uvukhohwe ...

an eel whose tail was almost too far away to remember ...



We publish what we like

This is an adapted version of *Swimmy* published by Jacana Media and available in bookstores and online from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is available in isiXhosa, isiZulu, Sesotho, English and Afrikaans. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Lapha ibhalwe kabusha indaba ethi, *UNhlambi*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekhelini elithi: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu, nesiSotho. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).


© Jacana Media (South African rights only) Tel: 011 628 3200



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininigwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



# Swimmy UNhlambi

Leo Lionni  
Ndabayakhe William Zulu



a forest of seaweeds growing from sugar-candy rocks ...  
 kwakuyihlathi nje ukhula lolwandle olwamile emadwaleni afana noshokolethi ...



A happy school of little fish lived in a corner of the sea somewhere. They were all red. Only one of them was as black as a mussel shell. He swam faster than his brothers and sisters. His name was Swimmy.

Iqulu lezinhlanzi ezincane ezazijabule lalihlala engxenyeni ethile yolwandle. Zonke zazibomvu. Ngeyodwa kuphela eyayimnyama njengegobolondo lembaza. Yayitshuza ngokushesha kunabafowabo nodadewabo. Igama layo kwakunguNhlambi.





and sea anemones, who looked like pink palm trees swaying in the wind.



Zase zitshuza emanzini asekuseni aphilile nasemini selifudumele ... zaxosha izinhlanzi ezinkulu.




ama-anemoni asolwandle aphinki njengzilahla  
zamasundu zinyakaziswa kancane umoya.



And so they swam in the cool morning water and in the  
midday sun and chased the big fish away.



inhlanzi engcwayelekile, okwakungathi idonswa yintanjana engabonakali ...




strange fish, pulled by an invisible thread ...

One bad day a tuna fish, swift, fierce and very hungry, came darting through the waves. In one gulp he swallowed all the little red fish. Only Swimmy escaped.



Then, hidden in the dark shade of rocks and weeds, he saw a school of little fish, just like his own.  
"Let's go and swim and play and SEE things!" he said happily.  
"We can't," said the little red fish. "The big fish will eat us all."  
"But you can't just lie there," said Swimmy. "We must THINK of something."  
Kusenjalo, ethunzini lamadwala nole, wabona igulo lezinhlazi ezifana naye.  
"Wozani stshuze sidale SIBONE izinto?" esho uNhlambi ejabule.  
"Angeke," kwasho izinhlazi ezibomvu ezincane. "Zinhlazi ezinkulu zizosidla sonke."  
"Kodwa ngeke nihlale nilele nje lapho," kusho uNhlambi. "Kufanele SICABANGE okuthile."



kwathi lapho sezifundile ukutshuza njengenhlazi eyodwa enkulukazi, wabe esethi, "Ngizoba lihlo lenu."


Izinkomo zikhala zithi, 'mmo-o?'

Cows moo.



Izimbuzi zikhala zithi, 'mme-e?'

Goats bleat.



... and snails make no sound at all. ... kanti iminenge yona ayiwenzi nje umsindo.




Amabhushi ayabhonga ...

Lions roar ...



# Listen! Lalela!



Carole Bloch  
Jean Fullalove  
Danisile Ntuli



Reproduced by kind permission of The Little Hands Trust and the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA). To find out more about PRAESA, go to [www.praesa.org.za](http://www.praesa.org.za).

Ikhizwe kabusha ngomusa wemvume yabakwaThe Little Hands Trust kanye nabakwaProject for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA).

Ukuthola kabanzi ngabakwaPRAESA, iya ku-[www.praesa.org.za](http://www.praesa.org.za).



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




Izinja ziyakhonkotha.

Dogs bark.



Izinyoka ziyahwawaza.

Snakes hiss.




Mice squeak.  
Amagundane ayanswininiza.



Crickets chirp.  
Izinyekevu ziyatswiriza.




Babies babble ...  
Abantwana bayabhibhida ...





... and children talk.  
... kanti izingane zona ziyakhuluma.





a lobster, who walked about like a water-  
 moving machine ...  
 ilobsta, isikhuphashe esasihamba njengomshini  
 onyakazisa amanzi ...




and when they had learned to swim like one giant fish, he said, "I'll be the eye."

Ngelinye ilanga elinzima ishuna, inhlanzi  
 eyesabekayo nesheshayo, yatshuza emagagasini.  
 Yagwinya zonke izinhlanzi ezincane ezibomvu.  
 UNhlambi kuphela owasindayo.



But the sea was full of wonderful creatures, and as he swam from marvel to marvel, Swimmy was happy again. He saw a medusa made of rainbow jelly ...

Nokho ulwandle lwahugwele izilwanyana ezinhle okwathi lapho etshuza phakathi kwazo wazizwa esejabule futhi. Wabona imedusa, eyenziwe yjeli onemibala yothingo lwenkosazana ...



Swimmy thought and thought and thought. Then suddenly he said, "I have it! We are going to swim all together like the biggest fish in the sea!" He taught them to swim close together, each in his own place,

Swimmy swam away in the deep wet world. He was scared, lonely and very sad.

Watshuza wabaleka washona phansi ekujuleni kwamanzi. Wayethukile, enesizungu futhi edangele kakhulu.


UNhlambi wacabanga, wacabanga, wacabanga.

Wabe esethi ngokushesha, "Ehe, ngalithola iqhinga! Sizotshuza sonke ndawonye njengenhlanzi enkulukazi olwandle!"

Wazifundisa izinhlanzi ukutshuza zisondelene ndawonye, yileyo naleyo endaweni yayo,

# Granny's roast chicken

By Helen Brain  Illustrations by Vian Oelofsen



It was Sunday morning and Zahara was drawing a picture in her bedroom. *Ding dong*, the front doorbell rang. Zahara ran to open the door. It was her granny.

"Hello, Granny," she said, giving her grandmother a hug.

"I bought a roast chicken from the supermarket," said Granny. The chicken was packed in a big white packet and it felt warm when Zahara touched it. It smelled wonderful!

"Oh good," said Zahara's mother coming towards the door. "Put it on the kitchen counter, and we'll eat it for lunch."

"I can't wait to eat it," said Zahara. "It smells so yummy."

"I'll make some tea," said Daddy from the kitchen. "You three can sit on the couch and relax. Why don't you watch TV?"

Just then Zahara heard her father's cellphone ring and then she heard him talking on the phone.

"I have to go to work," said Daddy walking to the front door. "I'll be back later."

Granny and Mama were busy watching their favourite TV program.

"Bye," said Mama.

"Bye," said Granny.

Zahara was drawing. "Bye, Daddy," she said.

Soon Granny and Mama's TV program was over and it was lunchtime. Mama went to the kitchen to fetch some bread, salad and the roast chicken. She opened the packet, took out the chicken and put it on a plate. Oh! Mama's eyes went wide with shock. Something was missing! One of the drumsticks was gone.



"Zahara," she called. "Come here, right now."

Zahara knew that when Mama called her in that cross voice, she had to run. Quickly, she put down her crayon and hurried to the kitchen. "What's wrong, Mama?" she asked.

"Did you eat a drumstick? Someone has pulled off a whole drumstick and eaten it," said Mama pointing to the chicken.

"No, Mama," said Zahara. "I promise, it wasn't me."

"Are you sure?" asked Mama.

"I'm VERY sure, Mama," said Zahara looking worried.

Mama didn't say anything else. Instead, she went outside to where Uncle Joe was mending his car.

"Joe, did you eat the drumstick from the chicken?" she asked.

Uncle Joe had the radio turned up loud. "What did you say?" he shouted.

"DID YOU EAT THE DRUMSTICK FROM THE CHICKEN?" shouted Mama above the music.

"Yes, please, I'd like some chicken, and a glass of cooldrink too," he yelled.

Mama sighed. She went to the big mango tree in the corner of the garden. Zahara's younger brother, David, and his best friend, Lebo, were playing in the branches.

"David," said Mama, "did you eat the drumstick from the chicken?"

"Oh good, is it lunchtime?" said David. "We're so hungry."

"Did you eat the drumstick?" asked Mama again.

"No, Mama," said David.

"He didn't," said Lebo. "We've been playing in the tree all the time."

Mama went back into the house. She was very upset. "So, nobody ate the drumstick," she said. "Then where can it be?"

"Maybe the lady at the supermarket took it," Zahara suggested.

Mama clapped her hands. "Of course! That's what happened! The lady at the supermarket who sold the chicken to Granny must have pulled it off and given it to someone else."



"Oh no," cried Granny. "I asked her for a whole roast chicken. I paid for a whole roast chicken, and now she has taken some of it. And we haven't got enough for lunch." Granny began to cry.

Zahara was so sad to see Granny crying that she began to cry too. That set Mama off. All three of them sat and cried and cried.

Then Mama blew her nose and dried her eyes. "This won't do!" she said. "Supermarkets are not allowed to do that. We will go back to the supermarket and tell them that they must give us another roast chicken."

So, Mama, Granny and Zahara set off for the supermarket, while Uncle Joe kept an eye on David and Lebo.

"I'd like to speak to the manager," said Mama when they got there. She used her cross voice, and the manager came running.

"How can I help you, Madam?" he asked.

"Somebody took the drumstick from our chicken!" cried Mama, Granny and Zahara together.

"That is very serious," said the manager. "I'll call the woman from the roast chicken counter." He picked up the intercom and said, "Roast Chicken Counter Woman, Roast Chicken Counter Woman, please come to the manager's office urgently."



Mama tapped her foot and waited. Soon the woman from the roast chicken counter came running in. "Can I help you?" she asked.

"This customer says you took the drumstick from her roast chicken," said the manager.

"No, I didn't," said the woman. "I put the whole roast chicken in the packet and gave it to Granny."

"Oh no, no, no!" said Mama. "When I opened the bag with the chicken in it at home the drumstick was gone!"

The woman quivered and quaked in her shoes. "I didn't take it, I promise. I didn't," she said.

The manager was very angry. "Fetch these people another roast chicken right away," he bellowed. "Granny, I will give you a whole new roast chicken for free, and a chocolate cake, to say sorry."



Continued on page 15.



Ibhalwe nguHelen Brain Imidwebo nguVian Oelofsen

KwakuyiSonto ekuseni uZahara wayedweba isithombe egumbini lakhe lokulala. *Nqe nqe*, kukhala insimbi yasemnyango ngaphambili. UZahara wagijima wayovula umnyango. Kwakuwugogo wakhe.

“Sawubona, Gogo,” kusho yena, emgona ugogo wakhe.

“Ngithenge inkukhu egazingiwe esuphamakethe,” kwasho uGogo. Inkukhu yayisephaketheni elimhlophe elikhulu futhi yayisafudumele ngenkathi uZahara eyithinta. Yayinuka kamnandi!

“Awu kwakuhle,” kusho unina kaZahara eza ngasemnyango. “Yibeke phezu kwekhawunta yasekhishini, sizoyidla ngesidlo sasemini.”

“Angisakwazi nokulinda size siyidle,” kwasho uZahara. “Inuka kamnandi bo.”

“Ake ngenze itiye,” kwasho uBaba esekhishini. “Nina nobathathu ningahlala kusofa ninethezeke. Yini ningabukeli umabonakude?”

Ngaleso sikhathi uZahara wezwa kukhala umakhalekhukhwini kayise wabe esemuzwa ekhuluma ocingweni.

“Kudingeka ngiye emsebenzini,” kusho uBaba esebheke emnyango wangaphambili. “Ngizobuya emva kwesikhathi.”

UGogo noMama babebukele uhlelo lwabo oluyintandokazi kumabonakude.

“Uhambe kahle,” kusho uMama.

“Uhambe kahle,” kusho uGogo.

UZahara wayedweba. “Uhambe kahle, Baba,” kusho yena.

Masisha uhlelo lukaGogo noMama lwaphela kwabe sekuyisikhathi sesidlo sasemini. UMama waya ekhishini ukuyolanda isinkwa, isaladi nenkukhu egazingiwe. Wavula iphakethe, wakhipha inkukhu wayibeka epuletini. Hhayi bo! Amehlo kaMama avuleka aba makhulu wukwethuka. Kukhona okwakushoda! Umlenze owodwa wawungasekho.



“Zahara,” kubiza yena. “Woza la, manje nje.”

UZahara wayesazi ukuthi uma uMama embiza ngalelo zwi lakhe lithukuthele, kwakudingeka agijime. Ngokushesha, wabeka phansi ikhrayoni lakhe waphuthuma ekhishini. “Kwenzenjani, Mama?” kubuza yena.

“Uwena odle umlenze wenkukhu? Kukhona ovele wadephula umlenze wonke wenkukhu wawudla,” kusho uMama ekhomba inkukhu.

“Cha, Mama,” kusho uZahara. “Ngempela, akumina.”

“Uneqiniso lalokho?” kubuza uMama.

“Nginesiqiniseko ESIKHULU, Mama,” kusho uZahara ebukeya ekhathazekile.

UMama akabange esasho lutho olunye. Kunalokho, waphumela emnyango waya lapho uMalume uJoe wayelungisa khona imoto yakhe.

“Joe, uwena odle umlenze wenkukhu?” kubuza yena.

UMalume uJoe wayevulele umsakazo wakhe phezulu kakhulu. “Uthini?” kumemeza yena.

“UWENA NA ODLE UMLENZE WENKUKHU?” kumemeza uMama ezama ukugqiba umsakazo.

“Yebo, bandla, nami ngiyayicela inyama yenkukhu, nengilazi kadilinki futhi, naye ememeza.”

UMama wavele waphelilela amandla. Waqonda esihlahleni sikamango esikhulu esasisekhoneni lengadi. Umfowabo kaZahara omncane, uDavid, nomngane wakhe omkhulu, uLebo, babedlala emagatsheni esihlahla.

“David,” kusho uMama, “uwena odle umlenze wenkukhu?”

“Hawu kwangcono, sekuyisikhathi sokudla?” kusho uDavid. “Silambe siyafa.”

“Uwena na odle umlenze wenkukhu?” kubuza uMama futhi ephinda.

“Cha, Mama,” kusho uDavid.

“Akazange,” kusho noLebo. “Thina selokhu sizidlalela la esihlahleni nje.”

UMama wabuyela endlini. UMama wayecasuke kakhulu. “Okusho ukuthi-ke akekho umuntu odle umlenze wenkukhu,” kusho yena. “Pho uphi?”

“Mhlawumbe usisi wasesuphamakethe uyena owuthathile,” kusho uZahara.

UMama washaya izandla. “Ngempela! Kwenzeke lokho! Usisi wasesuphamakethe odayisele uGogo le nkukhu kusho ukuthi uhlephule umlenze wawunikeza omunye umuntu.”



“Cha bo,” kwaphika uGogo. “Mina ngithe ngicela inkukhu ephelele egazingiwe. Ngikhokhele inkukhu ephelele egazingiwe, kodwa manje kukhona ayihlephulile. Manje asisenakho ukudla okwanele kwesidlo sasemini.” UGogo wavele wakhala.

UZahara kwamdabukisa ukubona uGogo ekhala naye wavele wakhala. NoMama wavele wakhala. Bobathathu bahlala phansi bakhala, bakhala.

UMama wafinya wesula amehlo akhe. “Ngeke nje kulunge!” kusho yena. “Amasuphamakethe

awavunyelwe nje ukukwenza lokhu. Sizophindela khona esuphamakethe sibatshele ukuthi kufanele basinikeze enye inkukhu egazingiwe.”

Ngakho, uMama, uGogo noZahara baphikelela khona esuphamakethe, ngenkathi uMalume uJoe egade uDavid noLebo.

“Ngicela ukukhuluma nemenenja,” kusho uMama uma befika khona. Wayesekhuluma ngalelo lizwi lakhe lokuthukuthela, imenenja yafika isigijima.

“Ngingakusiza ngani, Nkosikazi?” kubuza yona.

“Kukhona othathe umlenze wenkukhu yethu!” kumemeza uMama, uGogo noZahara kanyekanye.

“Yisenzo esibi kabi lesa,” kusho imenenja. “Ngizobiza usisi osebenza ekhawunteni yezinkukhu ezigazingiwe.” Wacosha umbhobho wokumemeza wasesitolo wathi, “Nkosazane Esebenza Ekhawunteni Yezinkukhu Ezigazingiwe, Nkosazane Esebenza Ekhawunteni Yezinkukhu Ezigazingiwe, ngicela uze ehhovisi lemenenja ngokushesha.”



UMama wayeshaya ngonyawo phansi elindile. Ngokushesha inkosazane esebebenza ekhawunteni yezinkukhu ezigazingiwe yafika igijima. “Ngingakusiza?” kusho yona.

“Leli khasimende lithi uthathe umlenze wenkukhu yalo egazingiwe,” kusho imenenja.

“Cha bo, angizange,” kusho le nkosazane. “Ngifake inkukhu egazingiwe ephelele ephaketheni ngalinikeza uGogo.”

“Cha, cha, cha, awuzange!” kusho uMama. “Mina ngithe uma ngivula isikhwama senkukhu efike ngaso ekhaya umlenze ubungasekho!”

Inkosazane le yaqhaqhazela yaphela. “Angizange ngiwuthathe, ngiqinisele. Angizange,” kusho yona.

Imenenja yayisithukuthele kakhulu. “Thathela laba bantu enye inkukhu egazingiwe manje nje,” yasho ngokubhavamula. “Gogo, ngizokunikeza enye inkukhu egazingiwe mahhala, nekhekhe likasholeledi, ukuze ngikhombise ukuxolisa kwethu.”



Iqhubeka ekhasini le-15.

From page 13.




So, Mama, Granny and Zahara went home with a whole new roast chicken in a white bag, and a big chocolate cake in a box.

When they got home, Daddy was back from work. "Where have you been?" he asked. "Why haven't you had lunch yet?"

So Zahara told him the whole story. She was very surprised to see Daddy looking so shocked.

"Oh no," said Daddy. "I've done a terrible thing. I took the drumstick as I was leaving for work. I was hungry, and it smelled so good."



"Oh no," cried Mama. "I got that poor woman at the supermarket into trouble for nothing."

"And I put the idea in your head that she might have taken it," said Zahara. "Oh no!"

So, Daddy, Mama, Granny and Zahara packed the second roast chicken and the chocolate cake into a packet, and they went all the way back to the supermarket. When they got there, they went straight to the manager's office.

The manager was so worried when he saw them – AGAIN! "Oh no, what is wrong now?" he said to himself. "That woman is going to shout at me again."

But Mama didn't shout.

"We're very, very sorry," said Mama, Granny, Daddy and Zahara.

"It's all my fault," said Daddy. "I was hungry. I took the drumstick. Please call the woman from the roast chicken counter."

The manager picked up the intercom. "Roast Chicken Counter Woman, Roast Chicken Counter Woman, please come to the manager's office urgently."

The woman from the roast chicken counter looked very scared when she saw Mama, Daddy, Granny and Zahara. "Please, don't fire me," she said to the manager.

But Daddy took out his wallet and gave the manager the money for the roast chicken and the chocolate cake. Then he gave the woman the packet. "Here you are," he said. "I'm sorry we got you into trouble. Please enjoy these."

The woman was very pleased to have a chicken and a cake for her lunch. But Zahara was disappointed. "You gave away the chocolate cake," she said.

So Daddy took out his wallet again and bought another roast chicken and another chocolate cake.

After lunch everyone had a slice of cake – Mama, Daddy, Granny, Uncle Joe, Zahara, David and Lebo. But the biggest slice of all went to Zahara, because she was Daddy's special girl.

Kusukela ekhasini 14.




Ngakho-ke, uMama, uGogo noZahara bagoduka nenkukhu egazingiwe epehelele esikhwameni esimhlophe, nekhekhe elikhulu likashokoledi lisebhokisini.

Uma befika ekhaya, uBaba wabe esebuyile emsebenzini. "Nivelaphi?" kubuza yena. "Kungani ningakasidli isidlo sasemini namanje?"

UZahara wamxoxela indaba yonke. Wamangala ukubona uBaba ebukeya ethukile.

"Hawe Ma," kusho uBaba. "Ngaze ngayenza into embi. Yimina othathe umlenze wenkukhu ngenkathi ngihamba ngiya emsebenzini. Bengilambile, futhi nenkukhu beyinuka kamnandi."



"Hawe," kukhala uMama. "Ngifake loya muntu wabantu esuphamakethe enkingeni ngento engekho."

"Futhi yimina engikunikeze lowo mcabango wokuthi uyena oyihlephulile," kusho uZahara. "Hawu, bakithi!"

Ngakho-ke, uBaba, uMama, uGogo noZahara bapakisha inkukhu egazingiwe yesibili nekhekhe likashokoledi esikhwameni, bonke sebeqonde khona belu esuphamakethe. Uma befika khona, baqonda ehhovisi lemenenja.

Imenenja yakhathazeka uma iphinda ibabona – FUTHI! "Bakithi, sekwenzenjani-ke futhi manje?" yasho izicabangela yodwa. "Le nkosikazi izongithethisa futhi."

Kodwa uMama akazange athethe.

"Siyaxolisa kakhulu," kusho uMama, uGogo, uBaba noZahara.

"Bekuyiphutha lami," kusho uBaba. "Bengilambile. Yimi othathe umlenze wenkukhu. Ngicela ubize usisi lo osebenza ekhawunteni yezinkukhu ezigazingiwe."

Imenenja yacosha umbhobho wokubiza abasebenzi esitolo. "Nkosazane Esebenza Ekhawunteni Yezinkukhu Ezigazingiwe, Nkosazane Esebenza Ekhawunteni Yezinkukhu Ezigazingiwe, ngicela uze ehovisi lemenenja ngokushesha."

Inkosazane esebenza ekhawunteni yezinkukhu ezigazingiwe yabukeka yesaba lapho ibona uMama, uBaba, uGogo noZahara. "Ngiyacela bandla, ungangixoshi," isho ibhekise kumenenja.

Kodwa uBaba wakhipha isikhwama sakhe semali wanikeza imenenja imali yenkukhu egazingiwe neyekhekhe likashokoledi. Wabe esenikeza inkosazane leyo isikhwama leso. "Mina, thatha," kusho yena. "Ngiyaxolisa kakhulu ngokukufaka enkingeni. Ngicela uzithokozele lezi zinto."

Inkosazane yajabula kakhulu ukuthola inkukhu nekhekhe kwesidlo sayo sasemini. Kodwa uZahara wajabha. "Umuphe lonke ikhekhe," kusho yena.

Ngakho uBaba waphinde wakhipha isikhwama sakhe semali wathenga enye inkukhu egazingiwe nelinye ikhekhe likashokoledi.

Emva kwesidlo sasemini wonke umuntu wathola ucezu lwekekhe – uMama, uBaba, uGogo, uMalume uJoe, uZahara, uDavid noLebo. Kodwa ucezu olukhulu kunazo zonke lwatholwa uZahara, ngoba phela uyena owayeyintombazane kaBaba yekhethelo.

# Nal'ibali fun

## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

1. Find the following things from the story, *Swimmy*, in the wordsearch block.

- ANEMONES
- EEL
- FISH
- LOBSTER
- MEDUSA
- ROCKS
- SEaweEDS
- TUNA

T	R	E	T	S	B	O	L	L
U	M	E	D	U	S	A	U	H
N	E	L	R	O	L	R	T	N
A	N	E	M	O	N	E	S	E
H	F	I	G	J	C	W	H	C
S	G	N	E	Q	V	K	X	S
I	K	P	D	L	O	B	S	T
F	S	E	A	W	E	E	D	S


Thola lezi zinto ezilandelayo ezisendabeni, *UNhlambi*, ebhulokini yokucinga amagama.

- UANEMONES
- UMBOKWANE
- INHLANZI
- ISIKHUPHASHE
- UMEDUSA
- AMATSHE
- UKHULA
- LOLWANDLE
- ISHUNA

E	H	S	A	H	P	U	H	K	I	S	I	D	V	W	O
I	U	M	E	D	U	S	A	U	E	I	P	Y	A	P	P
S	M	A	M	X	T	C	N	N	O	Z	X	Z	V	N	X
H	B	V	A	M	Y	D	O	P	N	N	A	A	I	A	A
U	O	I	N	M	V	M	M	A	A	A	T	M	V	X	T
N	K	V	A	Z	E	V	A	X	L	L	U	A	A	V	U
A	W	A	P	N	L	T	N	O	H	H	M	M	M	A	M
C	A	M	A	T	S	H	E	P	N	N	N	B	A	N	N
U	N	U	X	K	L	L	S	N	I	I	U	I	V	Z	Y
P	E	L	D	N	A	W	L	O	L	A	L	U	H	K	U

2. In *Granny's roast chicken*, Zahara gets a large slice of chocolate cake. What is your favourite cake? Draw a slice of it on the plate.

Endabeni *Inkukhu kaGogo egazingiwe*, uZahara uthola ucezu lwekhekhe olukhulu. Yiluphi uhlobo lwekhekhe oluyintandokazi yakho? Dweba ucezu lwalo lusepulelini. Bhala amagama ambalwa noma umusho mayelana nocezu lwakho lwekhekhe, uluchaze.



Find out how to become a FUNda Leader on the Nal'ibali website ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)) or mobisite ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)), or by calling the Nal'ibali call centre on 02 11 80 40 80.



Visit us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sivakashele ku-Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

Thola ukuthi ungenza njani ukuba yi-FUNda Leader kusizindalwazi sikaNal'ibali ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)) noma kumobhisayithi ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)), noma ngokufonela isikhungo sezingcingo sikaNal'ibali ku-02 11 80 40 80.

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Tiso Blackstar Education. Malungi Mbhele. Nal'ibali character illustrations by Rico.